Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.

2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Izinkondlo | (30) |
| ISIQEPHU B: | Inoveli | (25) |
| ISIQEPHU C: | Umdlalo | (25) |

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

   ISIQEPHU A: IZINKONDLO
   IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI.
   INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

   ISIQEPHU B: INOVELI
   Phendula umbuzo OWODWA.

   ISIQEPHU C: UMDLALO
   Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO)
   - Phendula KUPHELA umbuzo wenoveli kanye nomdlalo owufundile.
   - Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFISHANE. Uma ukhethe ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfishane ESIQESHINI C. Uma ukhethe ukuphendula umbuzo omfishane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO

   - Impendulo yombuzo omude ezinkondlweni mayibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
   - Izimpendulo zemibuzo emide enovelini kanye nasemdlalweni mazibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
   - Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi abathemelezi kodwa baphendula okubuziwe.

Downloaded from Stanmorephysics.com

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.

8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

9. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-40 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-55 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-55 |

11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.



Downloaded from Stanmorephysics.com

**OKUQUKETHWE**

Leli khasi liyokwelekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

| | | | |
|---|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: IZINKONDLO**<br><br>**Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.** | | | |
| **INOMBOLO YOMBUZO** | **UMBUZO** | **AMAMAKI** | **INOMBOLO YEKHASI** |
| 1. 'We Sinximfi Ndini' | Umbuzo omude | 10 | 6 |
| | | | |
| 2. 'Uthunywe Ngubani' | Umbuzo omfushane | 10 | 8 |
| | | | |
| 3. 'Imvelo' | Umbuzo omfushane | 10 | 9 |
| | | | |
| 4. 'Zingqwele Ze-Afrika (Sankomota)' | Umbuzo omfushane | 10 | 10 |
| **KANYE**<br>**Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.** | | | |
| 5. AKUNJALO BANTABAMI | Umbuzo omfushane | 10 | 11 |
| **QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye NOWODWA ESIQESHINI C.<br><br>**ISIQEPHU B: INOVELI**<br><br>**INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli.** | | | |
| 6. Bengithi Lizokuna | Umbuzo Omude | 25 | 12 |
| 7. Bengithi lizokuna | Umbuzo Omfushane | 25 | 12 |
| 12. *ImpiYabomdabu Isethunjini* | Umbuzo omude | 25 | 15 |
| 13. *Impi Yabomdabu Isethunjini* | Umbuzo omfushane | 25 | 15 |
| | | | |
| **NOMA** | | | |
| **ISIQEPHU C: UMDLALO**<br><br>**Phendula umbuzo OWODWA kulo mdlalo omiselwe.** | | | |
| | | | |
| 16. Kudela Owaziyo | Umbuzo Omude | 25 | 18 |
| 17. Kudela Owaziyo | Umbuzo Omfushane | 25 | 18 |
| 20. *Ubhuku Lwamanqe* | Umbuzo omude | 25 | 21 |
| 21. *Ubhuku Lwamanqe* | Umbuzo omfushane | 25 | 21 |

Downloaded from Stanmorephysics.com

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye NASESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emfushane.

**Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.**

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha, sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo olulandelayo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

| ISIQEPHU | INOMBOLO YEMIBUZO | INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE | THIKA (✓) |
|---|---|---|---|
| A: IZINKONDLO (Ezimiselwe) | 1–4 | 2 | |
| A: INKONDLO (Engamiselwe) | 5 | 1 | |
| B: INOVELI (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 6–7 | 1 | |
| C: UMDLALO (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 16–21 | 1 | |

**QAPHELA:** ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.

ESIQESHINI B, khetha phakathi kwenoveli nobuciko bomlomo, uphendule UMBUZO OWODWA, ungaphenduli ngazo zombili lezo zinhlobo zemibhalo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

## IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendula noma imiphi imibuzo EMIBILI kulena ebuziwe elandelayo.

## UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**WE SINXIMFI NDINI! – M.S.S. GCUMISA**

Qhumuk'uhleke
We Sinximfi ndini!
Uyisigqila somona,
Umon'ongumthakathi.

Yithi klibhi klolo
We Sichwensi ndini!
Ayisengangamlomo
Bakubonil'abanamehlo.

Nximfa nximfile
We Sinximfi ndini!
Uyozuf'usongizandla,
Uyozuf'ungahlabananga.

Ngifel'umona
We Sifamona
Wen'ophila ngokwethekela
Abanye bephila ngezithukuthuku.

Cekeful'uzidelise
We Sicekefuli ndini!
Wen'obon'olwami ugongolo,
Ucashelw'olwakh'usibi.

Gubhela kwesakho
We Gubhela ndini!
Kuhlafun'owakho umhlathi
Eyabany'ingahlafuni.

Ngibamb'emehlweni
We Qili ndini!
Uthi lala lulaza
Bayokwengul'abakwengulayo.

Ngikhohlikhohlise
We Sikhohlisani!
Uthi kulele kunye
Kanti kulele ngaku bili,

Downloaded from Stanmorephysics.com

Ngiluth'ungithonye
We Sithonyi ndini!
Abant'abayi nganxanye
Bengamanz'egobhoza.

Ngenzel'ugomolophonjwana
We Liphixiphixi ndini!
Bangiwezil'abangangifeli mona,
Sengize ngahlabana sengikhohliwe.

Kuyenzeka ubone abantu abanomona bengaphumeleli empilweni.

Fakazela lo mbono ubhekise ekukhethweni kwamagama agqamisa indikimba yale nkondlo.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240. **[10]**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UTHUNYWE NGUBANI? – K.N.N. GCUMISA**

We kufa, ak'ungihlebele,
Uthunywa ngubani wena?
Ukub'uzosibangel'usizi?
Nguban'okuph'amandlakazi?
Angangawamabuth'akwaMandlakazi?
Owephul'uphoqoze ngawo
Izithomb'ezingamaklume
Omthathe, omsimbithi nomthombothi?
AbakwaMthombothi bangavuma.
AbakwaMsimbithi bangavuma
NabakwaMthathe bavume
Ukuthi usuke wabenzakalisa,
Kungabe uyisithunywa sikaSathane
Noma uthunywe ngoMkhulukhulu?

2.1 Tomula ukuxhumana okutholakala emgqeni woku-1 kuya kowesi-5. (1)

2.2 Chaza kafushane umqondo otholakala emgqeni wesi-6 kuya kowesi-7. (3)

2.3 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa i-enjambamenti emgqeni we-10 kuya kowe-12? (2)

2.4 Ucabanga ukuthi isigqi sale nkondlo sibe namphumela muni ekuqondeni ibinza loku-1? (2)

2.5 Xoxa ngempumelelo yembongi ekusebenziseni umoya otholakala ebinzeni lokugcina. (2)
**[10]**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**IMVELO – K.N.N. GCUMISA**

Uma ngiphakamis'amehlo ami
Kuwo woman'amagumb'omhlaba,
Ngizw'amehlo ami ehungeka,
Ehungwa uthando lwemvelo,
Imvelo eyadalwa uMdali.

Lapho ngiphakamisel'amehlo esibhakabhakeni,
Ngibon'izinyoni zemvelo zijabule.
Lapho ngehlisel'amehlo ami emhlabeni,
Ngibona imihlambi ehlane iklabile,
Izimila zihuba ingoma yenjabulo.
Ngiluzwe uthando lwemvelo lwenyuka.
Ngiqalaze ngibon'ubuhle bezintaba zezwe,
Namanz'apholile agelez'emifuleni,
Ngiluzwe uthando lwemvelo lufukuka
Ngitshakadule **njengenkonyan**'ibona unina,
Ngibone kuyifanele imvelo ukuba
Siyiphe lonke uthando njengokway'ukusithanda.

Uthando lwemvelo yezwe
Lwenz'umzimba wami uthuthumele,
Lapho ngibona abonakalisi bemvelo
Bebhubhisa ubuhle bezwe bengezwa,
Bengezwa kwabumnandi bokubusiseka,
Bengazi nanyaka ngokungehla
Uma ingabhujisw'iqothulwe imvelo.

3.1 Kungani imbongi isebenzise ifanamsindo emgqeni woku-1? (2)

3.2 Fingqa ngamaphuzu AMABILI umoya otholakala emgqeni wesi-6 kuya kowesi-9. (2)

3.3 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa umfanekisomqondo emgqeni we-10? (2)

3.4 Ngabe isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile emgqeni we-15 sisetshenziselweni kule nkondlo? (2)

3.5 Hlaziya ngokuhlolisisa indikimba etholakala kule nkondlo. (2)
**[10]**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ZINGQWELE ZE-AFRIKA (SANKOMOTA) – V.S. KHUMALO**

Umhlaba uzolile,
Uhloniph'izingqwele,
Zidl'**ubhedu** lwengoma,
Oludonsel'ezinzulwini zomphefumulo,
Nenhliziy'edabukil' ithinteke,
AbakwaNdumalo baboph' imithwalo,
Bashaye batshantshule.

Ningamuki zingqwele ze-Afrika,
Khuphulani lolo ngqambothi!
Umhlab'uzohloba ngengubo yothando,
Kukikizwe kuchwaze,
Khuphulani leyo nhlokomo!
Ehlokoma namahlokohlok'ehlobo,
Kuhlaluk'ubuhle bomhlaba.

Ningaphezi badli bobhedu!
Ngizw'amaphimb'avuma kamnandi
Amagod'okuzibamb'agqabhuka,
Ngahlokoma nezingqwele zobhedu,
Umzwangedwa wangival' isamuku!
Umphefumulo wami **washwibashwiba,**
Ngaphil' ezwen'elingenamingcele.

Nazo sezikhopozel' izingqwele,
Zasholo phansi kamnandi,
Zahlekis'umhlab'ongahleki,
Kwavunguz' umoya wothando,
AbakwaNzondo bashaya bachitha!
Umlilo wothando wadlondlobala,
Iphunga lothando lagcwal' umhlaba.

4.1 Nikeza incazelo yokusetshenziswa kwemvumelwano etholakala emgqeni woku-1 kuya kowe-2. (2)

4.2 Chaza kafushane umqondo otholakala emgqeni wesi-8 kuya kowesi-9. (2)

4.3 Ngabe ukusetshenziswa kwe-injambamenti emgqeni we-16 kuya kowe-17 kukwelekelele kanjani ekuqondeni leli binza? (2)

4.4 Ucabanga ukuthi ukukhethwa kwegama elibhalwe ngokugqamile kube namphumela muni ekuqondeni leli binza? (2)

4.5 Hlaziya isigqi esitholakala ebinzeni lokugcina. (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**NOMA**

**NENKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)**

**UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**AKUNJALO BANTABAMI – B. GASA**

Nami ngimfice engenasinqe,
Esha amashushu ngohambo lwakhe
Wathi lacu waphuma washabasheka,
Wathi pheshe! Waphelel'emehlweni.
Yeva iminyaka ngalibala…
Yeva nakuye wangilibala
Nalibaleka nakuye nani
Wadliwa zintaba waduka nezwe.
Akunjalo bantabami nami nginenkumbulo
Kepha ngiyomfuna kuziph' izinkalo,
Nguye bantabami owabopha' imithwalo.
Ngixoleleni angikwazi kwaMathandanhliziyo,
Angiwazi namazibuko awawelayo,
Impela bantabethu sengazibopha ngexhama.

[Ithathwe Izingwazi Zanamuhla: Ikhasi 63]

5.1 Kungani imbongi isebenzise ifanamsindo elitholakala emgqeni wesi-3? (2)

5.2 Xoxa kafushane ngokusetshenziswa kophawu ekugcineni komugqa wesi-5. (2)

5.3 Chaza umqondo otholakala emgqeni wesi-6 kuya kowesi-8. (2)

5.4 Ngabe ukusetshenziswa kwemvumelwano emgqeni wesi-9 kuya kowe-11 kukwelekelele kanjani ekuqondeni le migqa? (2)

5.5 Uyazwelana nesimo imbongi ekuso ngenkathi ihhaya/ibhala le nkondlo? Ukuba kwakunguwe wawuyokwenzenjani? (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B: INOVELI**

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile**.** Uphendule ngokulandela imiyalelo enikeziwe.

**UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)**

**BENGITHI LIZOKUNA-NG Sibiya**

Uma abantu bengezwani kuba nenzondo kanye nokulwa.

Fakazela lo mbono ubhekise kulaba balingiswa: okunguMhlengi/Mahlengi, uNgidi, uNontobeko kanye noXolani.

Impendulo yakho mayibhalwe njenge-eseyi kube amagama angama-340 ukuya kwangama-390. **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA A**

''Ngiyakuthanda Mahlengi", esho ngelimumethe umunyu. ''Nami ngiyakuthanda". Uyakwazi nawe lokho bakithi,'' kuphendula uMahlengi ezama ukumgqolozela emehlweni uNdumiso, esibambisisa isandla sakhe.
"Ngiyakwazi lokho. Into nje uyangixaka namuhla, "enikina ikhanda. "Ngiyaxolisa bandla. Bengingaqondile."
"Ngibona kungcono ukuba ngihambe kengikushiye kahle nale micabango ekudlayo, ekwenza ungangiboni nokuthi ngikhona lapha endlini, ngikuvakashele ngoba sengikukhumbule, ngoba ngikuthanda …" kubhoke umunyu, ehluleke ukuqhubeka.
"Ngiyaxolisa bandla," esibambisisa isandla asezama ukusidedela uNdumiso. "Hhayi, ngiyehluleka Mahlengi ukuhlala nawe unjena," esho esukuma eqalaza ijakhethi yakhe.
"Ngiyaxolisa bandla Ndu," esho ngomunyu elibuka isoka lakhe lisukuma lithatha ijakhethi yalo nekepisi liyoma ngasemnyango.
"Ngiyakuthanda Mahlengi. Ngicela ungangiphoxi bandla. Ngizimisele ngawe."
"Nami ngiyakuthanda," esho eshalaza.
"Ungadlali-ke ngami uma ungithanda. Mhla wadlala ngami nje ngiyokubulala nganazi izandla. Uyangizwa Mahlengi?" limgqolozele ngamehlo abomvu, lizeneka izandla zalo ezinkulu, lilinganisa ukuthi liyomklinya kanjani limbulale mhla waqoma.
Akazange aphendule uMahlengi, kunalokho wakhophoza walihloma phansi ikhanda. "Usale kahle," libamba isicabha, livula umnyango. "Uhambe kahle," esho ngelinosizana. "Kawusangikhiphi nasezinjeni?" ebuza ezama ukuhleka. Wasukuma uMahlengi waya ngasemnyango okwakumi kuwo uNdumiso, emthatha phansi, emphonsa phezulu. "Kawusangivalelisi nangokhisi?" kubuza uNdumiso elula izingalo esibamba esilevini isithandwa sakhe.
"Hawu, wangihambela phambili, bengingasazokukhisa," kuchaza uMahlengi ngamahlonyana.

[Isahluko sesi-3: Ikhasi 44]

Downloaded from Stanmorephysics.com

| | | |
|---|---|---|
| 7.1 | Nikeza isizathu esenza ukuthi isimo senhlalo singabisihle phakathi kukaNdumiso noMahlengi ngokwalesi siqephu. | (2) |
| 7.2 | Yamanisa isigameko sokushaywa kukaXolani nalokhu okwenzeka kulesi siqeshana. | (3) |
| 7.3 | Qhathanisa uthando uNdumiso analo ngoMahlengi kanye nothando uXolani analo ngoMahlengi. | (3) |
| 7.4 | Isenzo sikaShezi sokuthola uMhlengi simveze njengomlingiswa onjani? | (2) |
| 7.5 | Ngokwakho ukubona isenzo sikaNomalanga sokuhamba noNgidi ukuyofuna uMhlengi siyakholakala? (Sekela impendulo yakho) | (3) |

**KANYE NE-**

**ISIQESHANA B**

"Yehheni, nanso-ke imihlola!" kubabaza insizwa ihefuzela, ihlahla amehlo.
"Lingaphi ikhishi lapha? Phuthuma khona uthathe ummese," kusho enye iqalaza indlu yonke ngokwexwaya.
"Mhlawumbe izigilamkhuba ziselapha endlini," isho ngokwesaba insizwa isijuluke yamanzi te, nedumbe selizenzela nje.
"Waba njani kodwa ngokuba yivaka? Landa ummese siqaqe u-anti, asichazele," isho izama ukuqaqa isikhafu emlonyeni, esaqaqeka qede wakhihla isililo u-anti.
"Kwenzenjani?" kubuza insizwa isijuluka manje.
Du. Isililo kuphela nje esaba yimpendulo.
"Uphi uMaye… uphi ubaba uNgidi?" kubuza insizwa ibamba umlomo izikhuza isicishe yabiza uNgidi ngaleli gama abizwa ngalo uma ehletshwa.
Lutho, akakwazanga ukuphendula u-anti, kunalokho wakhomba ngomunwe nje esejahe ethoyilethe ngenxa yomchamo owawususho ukwehla ngemilenze. Esakhomba kanjalo, insizwa ebiyoyobheka ummese yangena isiwubambe ngezandla eziqhaqhazelayo ezijulukayo. Bayisika intambo, bamqaqa u-anti. Emva kwalokho baphuthuma ngalapho akhombe khona u-anti. Nebala bamfica uNgidi naye kuyiso leso bamqaqa ngokushesha. Naye bamqaqa qede wahlaba ngejubane esephuthuma endlini encane, ebashiya bekhamisile laba abamqaqile, ebuya emva kwesikhashana, ehefuzela, esajuluka, kubonakala nje ukuthi ungathi uyaphupha ukuthi usekhululekile.
"Nibekwa yini nje lapha madoda? Awu naze nasisiza." eshwashwatha kungakhulumeki kahle, kuzwakala nje ukuthi cishe <u>lwambulala uvalo</u>.
"Silethwa yisidumo. Sekulimele uNyambose."

[Isahluko sesi-9: Ikhasi 120]

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.6 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU inkulumompendulwano phakathi kukaZakithi noNdumiso ngaphambi kokwenzela kulesi siqeshana. (3)

7.7 Nikeza okufanayo okwenziwa uLungile ngenkathi uXolani engazange aligcine iphoyinti ayenalo nomndeni wakhe kanye nokwenziwa uNomalanga ngenkathi uNgidi ekhohlwa iphoyinti ababenalo lokuthumela abakhongi. (2)

7.8 Chaza imbangela yokuthi insizwa isebenzise umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)

Stanmorephysics.com

7.9 Iyini inhloso yombhali yokuveza udweshu oluphakathi kukaMhlengi kanye noNgidi ngenkathi uMhlengi etshela uNgidi ukuthi *'I am gay*?' (3)

7.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekusebenziseni ulimi oludwetshelwe kulesi siqeshana. (2)

**[25]**

**NOMA**

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)**

**IMPI YABOMDABU ISETHUNJIN-JC Buthelezi**

Umshado ongenakho ukubambisana nokubonisana uba nezinkinga.

Fakazela lo mbono ubhekise kulaba balingiswa abangoBafana, u*Poppie* uNjini Cele kanye noMdlalose.

Impendulo yakho mayibe i-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**IMPI YABOMDABU ISETHUNJIN-JC Buthelezi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA C**

"Siyakwazi lokho, yingakho sakhipha imali eshisiwe sanisa ezikoleni zabeLungu ukuze nithole imfundo engcono, yikho sanithengela leli khaya, sanikhipha eMlazi elokishini nazohlala ku-*posh suburb*. Yikho siniqqokisa izingubo eziphambili."
"Uthini ngokusinqunulisa imuva, ubuntu nekakade lethu. Singathi siyini thina lapha ekhaya? SingabeLungu abamnyama, amaKhaladi noma ngamaNdiya? Uma singaboMdabu, ziphi izimpawu zobuzwe bethu? Aphi la madili abomdabu athanyelwa yizindimbane zabantu? Baphi ontanga bomdabu? Ziphi izihlobo zomdabu? Kukho konke ma, yazi ukuthi mina angiyena ubaba odla ngejubane uma izinto zizimbi. Mina ngiyazihlangabeza izitha ngilwe nazo. Ngilwa kangcono uma kukhona abangishayela ihlombe, futhi bengihlomisa bengiphosela nezinduku uma kufanele. Akekho oshayela mina ihlombe laphaya esikoleni. Angisayi esikoleni ma. Kusasa ngiya koHlanganisani oNgoye. Sobonisana naye ukuthi ngizofunda kanjani ngonyaka ozayo."
"Awuyi oNgoye *Euthy*"
"Bengimbikela nje umama. Bengingambuzi. Ngiya oNgoye kusasa. Ngiya kwabakithi, abangithandayo, abangemukela njengomuntu, belindela njalo okuhle kimi," washo wasukuma uVikizitha waqonda ekamelweni lakhe. Wagcwalisa isikhwama sakhe esikhulu sezingubo, wathatha insipho, indwangu yokuhlamba ubuso nesixubhamazinyo wakupakisha. Wayazi ukuthi wayethe uzohamba kusasa. Wakhumbula ukuthi koba buhlungu ukwehlukana nokushiya udadewabo, wasenquma ukuba asale esehamba khona ngaleso sikhathi. Waphuma wabamba ibhasi eya edolobheni lapho athola khona amatekisi aya eMpangeni.

[Isahluko 13: 221-222]

Downloaded from Stanmorephysics.com

9.1 Nikeza isizathu esenza ukuthi isimo senhlalo singabisihle phakathi kuka*Poppie* no-*Euthenasia* ngokwalesi siqephu. (2)

9.2 Yamanisa isigameko sokuhamba kuka-*Euthenasia* ekhaya kubo eMlazi aye eMpaphala nalokhu okwenzeka kulesi siqeshana. (3)

9.3 Qhathanisa uthando u*Melody* analo ngoMandla kanye nothando u*Melody* analo ngomfana wakwaSamuel's(Peter). (3)

9.4 Isenzo sikamathiloni Mkhize sokuphendulana noGretta simveze njengomlingiswa onjani? (2)

9.5 Ngokwakho ukubona isenzo sika-Farook sokuncoma u-*Euthenasia* uma ekhuluma noNgubane siyakholakala.?( Sekela impendulo yakho.) (3)

**KANYE NE-**

**ISIQESHANA D**

Wenze kahle waphuthuma wafuna usizo Mbomvu. Imindeni yethu ifana ncamashi nezimoto noma nemizimba yethu. Izimoto nemizimba kuvama ubuthakathaka obunqotshwa ngamakhathakhatha aziwa ngabafundela ukwelapha lezi zinto. Iningi lethu bantu bomdabu asilufuni usizo. Silibale ukwemboza nokwembesa isifo, noma sibe mandla sizisa kubalungisi, bazihlole, balungise lokho okonakelegasendukwini. Awusalungi umuzi wenduku namuhla. Ubumpumputhe bethu busenza sijahe izahlukaniso okungathi izahlukaniso likhambi. Isahlukaniso somshado asikaze sibe likhambi lomndeni. Akukho noyedwa umuntu owathi angahlukanisa wase ezuza ukuphumula ngemuva kwesahlukaniso somshado. Okungixakayo wukuthi uma izimoto zethu zigulagula sizisa kubalungisi, bazihlole, balungise lokho okonakele, bese zibuyela emgwaqeni. Asimane sithi lezi zimoto maziye eyadini lezikilebha, bese sifuna ezintsha izimoto ngoba nazo lezo moto ezintsha, zoba nemikhuhlane yazo. Uma omkethu, noma abayeni bethu begulagula ngakwezomndeni, singajahi izehlukaniso, kodwa kuhle siphuthume kodokotela bemindeni. Thina-ke bakwaMdlalose silungisa imindeni exhugayo nefehlayo, futhi siyakuthokozela nokubethela nokugoma imindeni ukuze ingangenwa ngubuthakathaka bemindeni.
Umlando nemininingwane yomndeni wakho ucacile, futhi kuningi kuwo okwejwayelekile. Wona udlobhokile impela. Sesiside isikhathi isifo sisebenza kulo mndeni. Lo buntwenguntwengu engibubona kwakho ngivama ukuhlangabezana nakho kubantu abasezingeni lakho lokufunda. Ngesikhathi samanje, kungathi ngabantu abafundile abathwele kanzima kwezemishado. Ngenhlanhla labo abasuka kuqala, bayaphepha ezagileni.

[Isahluko 7: 99-100]

Downloaded from Stanmorephysics.com

9.6 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU inkulumompendulwano phakathi kaBafana no*Poppie* phambi kokwenzeka kulesi siqeshana. (3)

9.7 Nikeza okungefani okwenziwa u*Poppie* ngenkathi kufika uNjini Cele emzini wakhe oko-BA eMlazi kanye nokwenziwa uMaKhumalo benoNjini ngenkathi uBafana efika emzini wabo eMpaphala. (2)

9.8 Chaza imbangela yokuthi uDkt. Mdalose asebenzise umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)

9.9 Iyini inhloso yombhali yokuveza udweshu oluphakathi kukaKhanjana no-Uzithelile kule ndaba? (3)

9.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekusebenziseni ulimi oludwetshelwe kulesi siqeshana. (2)

**[25]**



Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU C: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile. Uphendule ngokulandela imiyalelo enikeziwe.

### UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)

**KUDELA OWAZIYO-BP Maphumulo**

Indawo umuntu akhulele kuyo iba nomthelela empilweni yakhe.

Fakazela lo mbono ubhekise kulaba balingwa abakulo mdlalo ongunguMdaluli, uLondiwe kanye noHeshane.

Impendulo yakho mayibe i-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

### UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)

**KUDELA OWAZIYO-BP Maphumulo**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA E**

**MAMLANDULI:** *(ngezwi elidabukisayo, uzwakala engaphakathi, ukhuluma enhlinhliza)* Kulungile baba wekhaya, qhubeka nje wena nalokhu kungihlukumeza kwakho kodwa ngithi nje mina bayoze bakubone abanamehlo. Unesandla esilula wena lapha kimina ngoba ngingumuntu wesifazane kodwa ukuba ngingumuntu wesilisa, ngabe kade uwukhwicile umsila.

**MDALULI:** Ehhe! Ngikudendebulela wona njalo la maganyana akho ayiziswana. Yimina njalo lona ongabe usekhwice umsila? Ngabe uyazizwa kodwa ukuthi usuyangedelela-ke manje? Bengingabe sengikhwice umsila nje ngiyinja yini?

*(Kuwo lowo mnyama kuzwakale umsindo wokungqongqoza okunesankahlu lapha esicabheni.)*

**MDALULI:** *(uzwakala engaphakathi, emangele)* Ubani-ke lona osezongiphazamisa lapha emzini wami ngisazincokolela kamnandi kangaka nomfazi wami? Bahlupha kabi njalo laba bantu abalunywa izimbungulu nobuhumushe emizini yabo ngoba ubafica sebengqubuleka nje bengena bephuma emizini yabantu ungazi nokuthi bamenywe ngubani, kungahlatshiwe futhi kunjalo nje.

**ZAYEKA:** *(uzwakala engaphandle ngezwi elinesankahlu)* Yithina singamaphoyisa. Sisebenzela ophikweni olumelene nodlame lwasekhaya lapha eSundumbili. Sivulele wena bo! Vu-la!

Downloaded from Stanmorephysics.com

**MDALULI:** *(uzwakala engaphakathi ngezwi elinokweyisa)* Uqambe ushilo phoyisa ndini. Lutho olubaziwe! Angivuli mina! Kukwami phela lapha. Yihlazo phela leli olikhulumayo wena lokuthi ufuna ukungena ngo "dli" ijazi lephoyisa ngibe ngazi kahle kamhlophe ukuthi uzoba yisiphazamiso esikhulu lapha ebudlelanweni bami nomkami nokwenza ngisemshikashikeni omnandi kangaka nomkami?

**ZAYEKA:** *(uzwakala engaphandle, ehleka engahleki)* Hho! Mhlawumbe wena ucabanga ukuthi kwenqakwa amagenda lapha, yingakho nje ungichithela isikhathi ngoba sewuze wakhohlwa nawukuthi ngiyasebenza lapha mina.

[Inkundla ye-3-isigcawu sesi-5: Ikhasi 65-66]

11.1 Yisiphi isizathu esenza kube nethoni yokubalisa kuMaMlanduli ekuqaleni kwalesi siqeshana? (2)

11.2 Chaza kafushane ukuthi inkulumo kaZayeka kulesi siqeshana imveza njengomlingiswa onjani. (3)

11.3 Chaza imbangela yodweshu olwaluphakathi kukaMdaluli kanye noChivenga kulo mdlalo. (3)

11.4 Iyini inhloso yombhali yokukhetha isizinda ngokwenkathi yamanje kulo mdlalo? (2)

11.5 Uyavumelana yini nokuthi kulo mdlalo kukhona umyalezo otholakala esakhiwaneni othi, 'Akukho qili lazikhotha emhlane?'
Sekela impendulo uyibhekise kumlingiswa onguHeshane. (2)

**KANYE NE-**

**ISIQESHANA F**

(*Emini ehhovisi labezeNhlalakahle KwaDukuza, uLondiwe, uKhombephi, noNenelezi bahlezi ezihlalweni ezintofontofo njengokwelamana kwabo babhekene nesisebenzi sezeNhlalakahle. Lushubile ngempela lolu daba olibahlanganise ngamakhanda.)*

**ZENYEZILE:** (ubukeka ejulile) Wewu! Nayizeka-ke bodade abancane.

**LONDIWE:** Impela Zenyezile, dadewethu ngisasho namanje mina ngithi impilo nenhlalo yomndeni yabe iyinhle ngendlela eyisimangaliso ngesikhathi ubaba esasebenza.

**ZENYEZILE:** Phela ukuphelelwa kwakhe wumsebenzi lokho akumnikezi nelincane nje igunya lokuba nodlame ekhaya. Zikhona ezinye izindlela abengase aqhamuke ngazo ukuze akwazi ukungenisa isaka lempuphu ekhaya kulalwe kudliwe. Hhayi kodwa lena yokudlintela abantu ekhaya sengathi yibona ababe nomthelela wokuba aphelelwe yisinkwa sakhe efemini.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**KHOMBEPHI:** Okubi kakhulu futhi wena Zenyezile dade wukuthi umama akafuni ukumthathela izinyathelo zangakomthetho uma kade emhlukumeza. Okukkhulu kunakho konke wukuthi uma ngasohlangothini lwakhe phezu kokuba ecacelwa kahle kamhlophe ukuthi le nto eyenziwa ngumyeni wakhe ayisile. Ngikhuluma indaba yokuthi ngabe asizange silale nje emizini yabantu ukuba ubemi ngasohlangothini lwethu kulolu daba. Lungaphela kanjani-ke udlame lwasekhaya uma ngabe kusekhona abantu besifazane abangena nobaba emshwadeni njengomame nje lona kodwa bafike bangazimiseli ukumela iqiniso kanye nokulifela emizini yabo?

**ZENYEZILE:** Angimvumi unyoko Khombephi dadewethu kodwa ekuphawuleni kwami ngizothi kuya ngokuthi umuntu wesifazane unesibindi esingakanani ukulimela iqiniso lelo kuze kube sekugcineni ayiphikise indoda yakhe uma ngabe isinhlanhlatha. Phela abanye omame ubafica sebencetheza nje kobaba ngisho kungasafanele. Nabo singabasola sibuyele nganeno.

[Inkundla yesi-4-isigcawu sesi-5 : ikhasi 88-89]

11.6 Shono umsebenzi womlandi ngokwalesi siqeshana. (2)

11.7 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU isigameko esaholela ekutheni uZenyezile asize izingane zikaMdaluli. (3)

11.8 Ucabanga ukuthi sasingaba namuphi umphumela isenzo sikaLondiwe ukuba akamxolelanga uMdaluli ngenkathi esejele? (2)

11.9 Qhathanisa okufanayo mayelana nendlela umlingiswa onguZayeka asebenza ngayo kanye nomlingiswa onguZenyezile. (3)

11.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni isiphetho salo mdlalo. (3)

**[25]**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)

### UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga

Indawo umuntu akhulele kuyo iba nomthelela empilweni yakhe.

Fakazela lo mbono ubhekise kula balingiswa kulo mdlalo okunguThamsanqa, uPhindisiwe no Nkululeko.

Impendulo yakho mayibe i-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

**NOMA**

## UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)

### UBHUKU LWAMANQE

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA G

**MATHONSI:** (Aphinde aphuthaze esikhwameni akhiphe isithombe somshado kaPhindisiwe noNkululeko, phakathi kwabo kumi umfundisi uSokhela. Uyamazi kakhulu lo mfundisi nguyena owashadisa uyise nonina. Wayembona khona ezithombeni zabazali bakhe zomshado.) Nabu obunye ubufakazi.

**THAMSANQA:** Ngamanga yonke le nto. Ngeke uPhindisiwe abe yisilima ugwayi kakholo. Ngeke afihla udaba olubucayi ngale ndlela?

**MAMHLONGO:** Ungakuphika wena kepha izenzo zakhe umakoti ziyakufakazela lokhu. Izolo ebusuku ngikushayele ucingo ngifuna ukukuluma indlebe ngalolu daba ngazikhweza phezu kwezimbila zithutha ziholwa ngemhlophe phambili. Umakoti akafunanga nokuzwa ukuthi ukhuluma nobani uvele wakhwela wazehlela ukuthi ngingamchitheli umuzi wakhe savumelana ukuthi le mfumbe siyoyigqiba unomphela. Uthe esuka waligaklaza phansi ucingo ngasala ngibambe ngezansi.

**UTHAMSANQA:** (Ubuye umqondo mayelana nesigameko sayizolo) Uyalukhumbula ucingo lokuqala lwayizolo. Kuyilapho isimo sikaPhindisiwe siguquke khona. Uyasikhumbula futhi nesigameko unina akhuluma ngaso.) Kusho khona ukuthi uPhindisiwe ubengibheca ngenkovu emehlweni yonke le minyaka? Kunezigamekwana ezenzekile izolo esigcine singakwazanga ukuzixazulula ngoba ubengasangeneki esebhodla umlilo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**MATHONSI:** (Ebheka ngakumkakhe) ungayihambeli phambili le ndaba ndodana. Kufanele ucabangisise kahle uma utshumo seluminyene ngale ndlela ukuze ukwazi ukuyibamba eshobeni. Ezinye izinto ziyafihlwa ngethemba lokuthi zingeke zavela obala. Okufanele ukwazi ukuthi akumfula ungahlokomi. Kungakho ngasosonke isikhathi kufanele izinto uhlale uziqaphelisise ngeso lokhozi.

[Inkundla yesi-2-isigcawu sesi-3 : ikhasi 46-47]

13.1 Yisiphi isizathu esenza uMaMhlongo asebenzise ithoni yokuqinisekisa/ yokukholwa akhuluma ngakho ekuqaleni kwalesi siqephu? (2)

13.2 Chaza kafushane ukuthi inkulumo kaMathonsi kulesi siqeshana imveza njengomlingiswa onjani. (3)

13.3 Chaza imbangela yodweshu olwaluphakathi kukaThamsanqa noMaKhangela kulo mdlalo. (3)

13.4 Iyini inhloso yombhali yokukhetha isizinda ngokwenkathi yamanje kulo mdlalo? (2)

13.5 Uyavumelana yini nokuthi kulo mdlalo kukhona umyalezo otholakala esakhiwaneni othi, 'Akukho qili lazikhotha emhlane?' Sekela impendulo uyibhekise kumlingiswa onguSikela. (2)

**KANYE NE-**

**ISIQESHANA H**

**MAKHANGELA:** Ndodana yini ulunya olungaka pho?

**NKULULEKO:** Ngithi angikuncome salukazana sami uyidlalile indima yakho. Bengingazi ukuthi uhlakaniphe ngale ndlela? Nokuba ubuke wabheda inhlamvu ibiyokhala enhloko. (Esho emkhomba ngontuluntulu wesibhamu.)

**MAKHANGELA:** (Esehlahle amehlo ngenxa yokuthuswa yisibhamu esikhulukazi ayengazange asibone empilweni yakhe.) Phindisiwe yenza njengokusho kwakhe umkhwenyane. Ingabe ngiyobabhekelwa ngubani abakwaMathonsi ngoba phela le nto ebeyichwensa uThamsanqa yisono esingephinde sixoleleke.

**NKULULEKO:** Musa ukusixoxela inganekwane. (Abheke umngane wakhe uMaqoma.) Umsebenzi wakho ukuthi uqinise indodakazi yakho idolo ingalokhu ihluphana nomphefumulo wethu yenze njengoba ngishilo. Lokho okhuluma ngakho niyosale nikubona seninodwa. Kufanele nginixwayise ukuthi ubulima benu yibona obuyonifaka kwenkulu inkinga lena.

**PHINDISIWE:** Ngangingazi Nkululeko ukuthi unenhliziyo elukhuni ngale ndlela?

Downloaded from Stanmorephysics.com

| | | |
|---|---|---|
| **NKULULEKO:** | Kuyokusiza ngani ukubuza lowo mbuzo manje, ngoba wehluleka ukubamba inhliziyo angithi? Nguwena owangisukela ngiziphuzela nabangane bami. Sonke lesi sikhathi ngangikuthengela ukudla nezimpahla zokugqoka. Imfihlo engiyigqibile uthini ngayo? Izandla ziyagezana Ntombi. Sekuyisikhathi sokuthi nawe ungisize. | **20** |
| **PHINDISIWE:** | Sengonakalelwe Nkululeko ngenxa yakho. Nami-ke ngibeka le mibandela yokuthi uma imali leyo usuyitholile uyongihlephulela ukuze impilo iqhubeke ngoba ngiyobe ngingasenaye umuntu ongibhekile, Ukhumbule ukuthi uThamsanqa ubeyikho konke ezinganeni zami manje ukwehlukana kwami naye kusho khona ukuthi useyoyeka ukuzondla. | **25** |
| | [Inkundla yesi-4:Isigcawu soku-1-ikhasi 79-80] | |

13.6 Chaza umsebenzi womlandi ngokwalesi siqeshana. (2)

13.7 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU isigameko esaholela ekkutheni uKholekile asize uhulumen uma sekuthethwa icala. (3)

13.8 Ucabanga ukuthi sasingaba namuphi umphumela isenzo sikaNkumbulo ukuba wamxoxela uThamsanqa ngoNkululeko? (2)

13.9 Qhathanisa okufanayo mayelana nomlingiswa onguMaMhlongo kanye nomlingiswa onguMakhangela mayelana nokuvikela izingane zabo. (3)

13.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni isiphetho salo mdlalo. (3)

**[25]**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**